



health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

PROMOTION OF ACCESS TO INFORMATION ACT, 2000



MANUAL ZULU

FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE



health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

UMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU NATALI

UMQULU OMAQONDANA

NOKUKHUTHAZWA KOKUFINYELELA

OLWAZINI

UMTHETHO, 2000

(UMTHETHO UNO.2 WEZI-2000)

Lo mqulu uyatholakala futhi ngesingangesiBhunu

OKUQUKETHWE

1. Isingeniso.
2. Jgunya kanye Nemisebenzi yoMnyango Wezempilo KwaZulu Natali.
3. Uhlaka loMumo Wesikhungo soMnyango Wezempilo KwaZulu Natali.
4. Imininingwane yokuxhumana yoMnyango Wezempilo kanye neSikhulu Esibhekelele Ezolwazi.
5. Umhlahlandlela, ngokweSigaba 10 se-PAIA, owasungulwa yiKhomishini Yamalungelo Abantu.
6. Ukutholakala Kolwazi loMnyango Wezempilo KwaZulu Natali.
7. Inqubo okumele ilandelwe uma kufakwa isicelo sokutholakala kwerekhodi loMnyango Wezempilo KwaZulu Natali.
8. Irekhodi elingatholakali.
9. Ukudluliswa Kwesicelo Sokutholakala kwerekhodi.
10. Imali Ekhokhelwa Ukutholakala kwamarekhodi.
11. Ukuhlehliswa kwesikhathisokutholakala Kwerekhodi.
12. Izikhathi ezibekiwe kanye neSaziso esiya kulowo ofake isicelo.
13. Ukunqatshwa kokutholakala kwerekhodi.
14. Ukwandiswa kwesikhathi sokuthatha isinqumo mayelana nesicelo.
15. Ukunqatshwa okusemthethweni kwesicelo sokutholakala kwerekhodi.
16. Ukunqatshwa okucongobelezive kwesicelo sokutholakala kwerekhodi
17. Ukunqatshwa okucatshangwayo kwesicelo solwazi.
18. Ukufaka Isikhalo ngaphakathi.

IZITHASISELO

1. Isithasiselo ¹¹A" - Uhlaka Lwabasebenzi boMnyango Wezempilo KwaZulu Natafi
2. Isithasiselo "81 – Imininingwane yokuxhumana yeziBhedlela zesiFundazwe
zoMnyango Wezempilo KwaZulu Natali
3. Isithasiselo "82" – Imininingwane yokuxhumana yamaHhovisi eziFunda
oMnyango Wezempilo KwaZulu Natali
4. Isithasiselo "83" – Imininingwane yokuxhumana Yezikhungo Zezempilo
Zomphakathi zoMnyango Wezempilo waKwaZulu Natali
5. Isithasiselo "C" -Ifomu A (Isicelo Sokuthola Ulwazi)
6. Isithasiselo ¹¹0" -Imali Ekhokhelwa Ukutholakala kwerekhodi
7. Isithasiselo "E" -Ifomu 8 (Ukudluliswa kwesikhalongaphakathi)

1. SINGENISO

UMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini, wezi-2000 (UMthetho uNo2), ("PAIA) wamenezelwa ngokwesigaba 32 soMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika ("UMthethosisekelo"), ohlinzeka ukuthi -

- "(1) Wonke umuntu unelunge/o lokutho/a-*
- i. U/wazi o/ugcinwe nguhulumeni; kanye*
 - ii. nanoma yiluphi ulwazi o/ugcinwe ngomunye umuntu futhi o/udingeka ekusebenziseni noma ekuvike/eni noma yimaphi amalungelo.*

- (2) UMthetho kazwelonke kume/e umiswe ukuze unikezele ngale/i lungelo, futhi ungahlinzeka ngezindlela ezifanele ukweh/isa umthwa/o kwezokuphatha nezezimali kuhulumeni"*

Inhloso ye-PAIA ukukhuthaza umphakathi lapho izakhamizi zaseNingizimu Afrika zikwazi ukufinyelela olwazini oluzozilekelela ukuba zikwazi ukusebenzisa nokuvikela amalungelo azo oMthethosisekelo.

1-PAIA yaphasiswa yiphalamende mhla zi- 2 kuNhlolanja wezi- 2000 ngokuhambisana nesigaba 32 soMthethosisekelo ukuba iqalise ukusebenza kwamalungelo abalulwe lapho. Ngaphandle kwesigaba 10, 14 no 51, i-PAIA yaqala ukusebenza mhla ziyi- 9 kuNdasa wezi-2000, kanye nezigaba ezasilela ezaqala ukusebenza mhla ziyi-15 kuNhlolanja wezi- 2002.

1-PAIA ingasetshenziswa yinoma ngubani ofisa ukucela ulwazi esikhungweni sikahulumeni noma isikhungo esizimele esikwiRiphabhulikhi. Ngokwe- PAIA, umuntu ofaka isicelo solwazi ubizwa "**ngomfakisicelo**".

Zonke izinhloko zikahulumeni nezizimele kudingeka ukuba zenze umquu okungenani ngezilimi (ezintathu) 3 ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika ochaza ukuthi i-PAIA ingasetshenziswa kanjani ukuthola ulwazi.

Lo mqulu wenzelwa ukuba welekelele abafakisicelo abafisa ukulhola ulwazi eMnyangweni Wezempilo KwaZulu Natali, okuyisikhungo sikahulumeni. Lo mqulu uyatholakala ngesiNgisi, isiZulu nesiBhunu.

Lo mqulu, nokho, awunayo imininingwane yokuthi ungasifaka kanjani isicelo kwesinye isikhungo sikahulumeni noma ezikhungweni ezizimele. Uma ofake isicelo efisa ukufaka isicelo kwesinye isikhungo (Okungewona uMnyango Wezempilo KwaZulu Natali) noma isikhungo esizimele kumele athole ikhophi yalo mqulu esikhungweni esiqondene noma esikhungweni esizimele.

Lo mqulu wehlukaniswe izingxenye ezimbili ukuze welekelele umfakisicelo.

2. IGUNYA NEMISEBENZI YOMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU NATALI

2.1 UMnyango Wezempilo KwaZulu Natali uyingxenywe kaHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu Natali futhi inhloso yawo ukuthuthukisa uhlelo lwezempilo olusimeme, oluhlelekile nolubanzi kuwo wonke amazanga, ngokubhekelela uhlelo Olusemqoka Lokunakekela Ngezezempilo, esiFundazweni saKwaZulu Natali.

Umbono woMnyango ukuphumelelisa isimo sezempilo esezingeni kubo bonke abantu besiFundazwe saKwaZulu Natali. Imigomo esemqoka yoMnyango yile:

- i. Ukwethembana okuyiqiniso, ubuqotho kanye nokubuyisana;
- ii. Ukuxhumana okuvulelekile, ukuba sobala kanye nokubonisana;
- iii. Ukuzibophezela ekwenzeni umsebenzi; kanye
- iv. Nogqozi lokufunda, ukushintsha kanye nokwenza izinguquko ezintsha.

2.2 Ukuphumelelisa umbono, impokophelo kanye nemigomo esemqoka yoMnyango Wezempilo KwaZulu Natali, uMnyango ubhekene nokuthuthukisa kanye nokuqalisa ukusebenza kwenqubomgomo, imigomo, izinhlaka kanye namaqophelo ezempilo kazwelonke neyesifundazwe, ngokusebenzisa izinsizakusebenza ezikhona esiFundazweni, ukuze uphumelele ukwenza ngcono ukuqonda ilungelo lokufinyelela kwizidingongqangi zezempilo. UMnyango ubhekelele ukuhlinzekwa kwezidingongqangi zezempilo esifundazweni ngokubanzi. UMnyango uzibophezele ekubeni sobala ekuthuthukiseni kanye nasekuqalisweni kokusebenza kwezinqubomgomo kanye nezinkambiso.

2.3 Igunya Elisemthethweni loMnyango Wezempilo KwaZulu Natali (ngokohlu lokulandelana kosonhlamvu)

Igunya elisemthethweni loMnyango Wezempilo KwaZulu Natali liqukethwe lapha, kanye nezinye izinto; le mithetho elandelayo-

UMthetho Wezenhlazeko Yamadela, 1992 (uMthetho uNo.121 we-1992)

UMthetho Wezemfundo Eyisisekelo Nokuqeqeshwa Kwabadala, 2000 (uMthetho uNo.52 wezi- 2000)

UMthetho Weqophelo Lomoya, 2004 (uMthetho uNo. 39 wezi- 2004)

UMthetho Wemibandela Eyisisekelo Yokuqashwa, 1997 (uMthetho uNo.75 we -1997)

UMthetho Wezokubhaliswa Kwabazalwayo Nabashonile, 1992 (uMthetho uNo.51 we-1992)

UMthetho Obhekelela Ukuthuthukiswa Kwezomnotho Wezamabizininisi Abantu Abamnyama, 2003 (uMthetho uNo.53 wezi- 2003)

UMthetho Obhekelela Izingane, 2005 (uMthetho uNo.38 wezi- 2005)

UMthetho i- Chiropractors, homeopaths and allied health service professions amendment, 1995 (uMthetho uNo.40 we- 1995)

UMthetho Welungelo Lokuhushulwa Kwezisu, 1996 (uMthetho No. 92 we- 1996)

UMthetho Obhekelela Isinxephezelo Sabalimale Nezifo Emsebenzini, 1993 (uMthetho uNo. 130 we -1993)

UMthethosisekelo WeRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika.

UMthetho Wentela Yezinhlelo Zezokwelashwa, 2000 (uMthetho uNo. 58 wezi- 2000) UMthetho Wodokotela Bamazinyo, 1979 (uMthetho No. 19 we -1979)

UMthetho Wezokuxhumana Ngobuchwepheshe kanye Nokuthengiselana, 2002 (uMthetho No.25 wezi 2002)

UMthetho Wezendinganiso Emsebenzini,1998 (uMthetho uNo.55 we-1998)

UMthetho Wezezokudla, Izimonyo kanye Nezibulalamagciwane, 1972 (uMthetho uNo. 54 we-1972)

UMthetho i-Genetically Modified Organisms, 1997 (uMthetho uNo.15 we-

1997) UMthetho Wemithi Enobungozi, 1973 (uMthetho uNo.15 we-1973)

UMthetho Wezemisebenzi Yezempilo, 1974 (uMthetho uNo. 56 we-1974)

UMthetho Obhekelela Ezemfundo Ephakeme,1997 (uMthetho uNo.101 we- 1997) UMthetho Wezezicubu Zomuntu, 1983 (uMthetho uNo. 65 we-1983)

UMthetho Wokuphenya Ngembangela Yokufa, 1959 (uMthetho uNo. 58 we-1959)

UMthetho Osaluhlaka Wobudlelwano Kwezinhlelo Zikahulumeni, 2005 (uMthetho uNo.13 wezi- 2005)

UMthetho Wezamathuna Nokulothiswa Kwezidumbu KwaZulu Natali,1996
(UMthetho No.12 we 1996)

UMthetho Wezingqobane Zokugcinwa Kwemibhalo Engamagugu Zesifundazwe
saKwaZulu Natali,2000 (uMthetho uNo.5 wezi -2000)

UMthetho Wobudlelwane Emsebenzini,1995 (uMthetho uNo.66 we-1995) UMthetho
Wotshwala, 2003 (uMthetho uNo.59 wezi- 2003)

UMthetho Ochibiyela uMthetho Wemisebenzi Yokunezezela Kwezezempilo,
Nezezamazinyo, 1995 (uMthetho uNo. 18 we-1995)

UMthetho Wezinhlelo Zezokwelashwa,1998 (uMthetho uNo.131 we-1998)

UMthetho Wezokulawulwa Kwemithi Nokunye okuhambisana nayo, 1965 (uMthetho
uNo. 101 we-1965)

UMthetho Wezokunakekelwa Kwengqondo, 2002 (UMthetho uNo. 17 wezi 2002)

UMthetho kaZwelonke Wezingqobane Zokugcinwa Kwemibhalo Engamagugu
zaseNingizimu Afrika,1996 (uMthetho uNo.43 we 1996)

UMthetho kaZwelonke Wezakhiwo kanye Namaqophelo Okwakha,1977 (uMthetho
uNo.103 we-1977)

UMthetho kaZwelonke Wezokulapha, 2003 (uMthetho uNo. 61 wezi-2003)

UMthetho Kazwelonke Wezemisebenzi Yezikhungo Zocwaningo Lwezempilo, 2000
(uMthetho uNo.37 wezi-2000)

UMthetho Wezabahlengikazi, 2005 (uMthetho uNo.33 wezi-2005)

UMthetho Wezasekhemisi,1974 (uMthetho uNo. 53 we-1974)

Umthetho Olawula Ukukhishwa Kwemithi, 1969 (uMthetho uNo. 68 we-1969)

UMthetho Ovikela Nobhekelela Ukusetshenziswa Kwezidakamizwa, 1992 (uMthetho
uNo. 20 we-1992)

UMthetho Okhuthaza Ukufinyelela Olwazini, 2000 (uMthetho uNo. 2 wezi-2000)

UMthetho Okhuthaza Indinganiso Nokuvikela Ukubandlulula okungenaqiniso,2000
(uMthetho uNo. 4 wezi-2000)

UMthetho Okhuthaza Ukuphathwa Kwezobulungiswa,2000 (uMthetho uNo.3 wezi-
2000)

UMthetho Wezokudalula Okuvikelekile, 2000 (uMthetho uNo.26 wezi-2000)

UMthetho Wezokuphathwa Kwezimali Zomphakathi, 1999 (uMthetho uNo.1 we-1999) UMthetho Wezokuvikelwa Komphakathi, 1994 (uMthetho uNo.23 we-1994)

UMthetho Wezemisebenzi Yomphakathi (Isimemezelo uNo.103 we-1994)

UMthetho Obhekele Iskhwama Sokunxephezela Abalimale Ezingozini Zomgwaqo, 1996 (uMthetho uNo.59 we-1996)

UMthetho Wezokuthuthukiswa Kwamakhono, 1998 (uMthetho uNo.97 we-1998) UMthetho Wentela Yezokuthuthukiswa Kwamakhono, 1999 (uMthetho uNo. 9 we-1999) UMthetho Wokugunyazwa Kweziqu eNingizimu Afrika, 1995 (UMthetho uNo.58 we-1995)

UMthetho Wezithunywa Ezengamele Ulwazi Lukahulumeni, 2002 (uMthetho uNo.38 wezi-2002)

UMthetho Wezokuvalwa Kwenzalo, 1998 (uMthetho uNo. 44 we-1998) UMthetho Olawula Abelaphi Bendabuko, 2007 (uMthetho uNo.22 wezi-2007) UMthetho Olawula Ukukhiqizwa Kukagwayi, 1993 (uMthetho uNo.83 we-1993)

2.4 Imisebenzi yoMnyango Wezempilo KwaZulu Natali

2.4.1 UMnyango Wezempilo KwaZulu Natali unemisebenzi amithathu enqala:

- a) uhlelo lwezempilo lwesifunda;
- b) imisebenzi yokuhlenga ngokwezezempilo okuphuthumayo ;kanye
- c) imisebenzi yekwelekelela iskhungo, embandakanya kodwa engangqindi ekuphathweni nasekulawulweni kwezibhedlela zesifunda, zezifunda ezincane, ekudlubelwa kuzo ezinkulu kanye nezibhekele izifo ezithile.

- 2.4.2 UMnyango Wezempilo KwaZulu Natali uyingxenye yomsebenzi welungu Lesigungu Esiphezulu saKwaZulu Natali elibhekele Ezempilo, okunguNgqongqoshe Wezempilo . INhloko yoMnyango iyisiphathimandla esinesibopho sokubika soMyango Wezempilo KwaZulu Natali futhi yiyona ebhekele ukuphathwa nokulawulwa jikelele koMnyango. Inhlokohhovisi yomnyango iseMgungundlovu, bese kuba namanye amahhovisi ezifunda athe chithi saka kuso sonke isiFundazwe njengoba kubaluliwe esigabeni 7 salo mqulu
- 2.4.3 Amahhovisi ezempilo ezifunda abhekele ukuphathwa nokulawulwa kohlelo lwezempilo ezifundeni.
- 2.4.4 UMnyango Wezempilo KwaZulu Natali futhi unezikhungo zemisebenzi yezempilo zomphakathi ezinhlobonhlobo ezenganyelwe amahhovisi ezempilo ezifunda ezibalwe kule ngxenye.
- 2.4.5 Uhlelo lwezezempilo lwesifunda lugxile ekuhlinzekweni kwezidingongqangi zezempilo zesifundazwe ngokubanzi, kubandakanya imisebenzi yonakekelo lwezempilo. Indawo yokuqala esetshenziswa abantu abadinga usizo lwezempilo ngumtholampilo osendaweni lapho kuhlala khona abafuna usizo lwezempilo. Kuya ngokuthi abafuna ukunakekelwa ngokwezempilo badinga nhloboni yosizo, bese belashelwa emtholampilo oseduzane nalapho behlala khona. Uma umtholampilo ungakwazi ukusiza abadinga usizo lwezempilo, kufanele badluliselwe esibhedlela sendawo. Uma isibhedlela sendawo singakwazi ukusiza lowo ofuna usizo, angadluliselwa esibhedlela sesifunda esincane.
- 2.4.6 Uma isibhedlela sesifunda esincane singakwazi ukusiza odinga usizo lwezempilo, angadluliselwa esibhedlela sesifunda ukuze athole ukwelashwa. Uma isibhedlela sesifunda singakwazi ukusiza lowo odinga usizo lwezempilo, angadluliselwa esibhedlela sesifundazwe esenza ucwaningo olunzulu ngezifo okuyisona esinongoti bezifo ezithile. Uma isibhedlela sesifundazwe esenza ucwaningo olunzulu ngezifo singakwazi ukusiza lowo odinga usizo, angadluliselwa esibhedlela esikhulu esenza ucwaningo olunzulu ngezifo esihlinzeka ngobungoti bezifo ezahlukahlukene. Odinga usizo lwezempilo angaphinde futhi adluliselwe esibhedlela esibhekelela izifo ezithile, okubandakanya isibhedlela sezokwelashwa kwezengqondo, esokululamela, esofuba, esiqondene nokulimala komgogodla noma abanezifo ezithathelanayo.
- 2.4.7 Imisebenzi Yezokuhlenga Ngokwezempilo Okuphuthumayo ihlinzekwa nguMnyango Wezempilo KwaZulu Natali ngokusebenzisa uPhiko laKwaZulu Natali lwezimo Eziphuthumayo.

2.4.8 UMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali uhlinzeka ngemisebenzi yezempilo yomphakathi ehluhahlukene eyenganyelwe amahhovisi ezifunda ezempilo futhi ubandakanya nalokhu:

- a) Izifo Ezingalapheki kanye Nezabantu Asebebadala geriatric
- b) Ukulawulwa Kwezifo Ezithathelanayo
- c) Ezempilo yezendalo
- d) Ukugqugquzelwa Kwezempilo
- e) Impilo Yomama Abazobeletha, Izingane naBesifazane
- f) Ukwelashwa kwabagula ngengqondo
- g) Ukondliwa komzimba
- h) Ukuphepha Nempilo egxile kokwenziwa emsebenzini
- i) Ezempilo Yomlomo namazinyo
- j) Ukuvuselelwa Kwezimilo

3. UHLAKA LOMUMO LWESIKHUNGO SOMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU-NATALI.

Uhlaka lomumo lwesikhungo lwamanje noma uhlaka lwabasebenzi loMnyango lujotshelwe kulo mqulu njengesithasiselo A.

4. IMINININGWANE YOKUXHUMANA LWESIKHULU ESIBHEKELE ULWAZI SOMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU-NATALI

4.1 Isikhulu Esibhekele ulwazi soMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali nguDkt. M. Gumede, oyiNhloko yoMnyango. Amasekela Esikhulu Esibhekele Ulwazi azoqokwa khona maduze nje. Io mqulu uyolungiswa ukuze uhambisane nesikhathi ukuze umbandakanye neminingwane yamasekela amasha Esikhulu Esibhekele Ulwazi.

4.2 Ikheli lendawo loMnyango yileli:

*UMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali
Natalia Building
330 Langalibalele Street
Pietermaritzburg
3201*

4.3 Ikheli lokuposa loMnyango yileli:

*UMnyango Wezempilo KwaZu/u-Nata/1
Private Bag X9051
Pietermaritzburg, 3200*

4.4 Inombolo yocingo yoMnyango ithi: 033-395 2111. Inombolo yefeksi yoMnyango yabafake izicelo zokuthola zolwazi eMnyangweni okumele zithunyelelwe iMenenja jikelele: Uphiko lwezemisebenzi YezoMthetho enombolweni yefeksi ethi: (033) 342 5471.

4.5 Ikheli le-imeyli yabafake izicelo abacela ulwazi eMnyangweni ithi: steve.mkasi@kznhealth.gov.za

4.6 Imininingwane yokuxhumana yeZibhedlela zesiFundazwe zoMnyango weZempilo KwaZulu-Natali ifakiwe kulo mqulu njengeSithasiselo "81"

4.7 Imininingwane yokuxhumana yamaHhovisi eziFunda oMnyango Wezempilo KwaZulu Natali ifakiwe kulo mqulu njengeSithasiselo "82"

4.8 Imininingwane yokuxhumana yeziKhungo zeZempilo Zomphakathi zoMnyango WeZempilo KwaZulu Natali ifakiwe kulo mqulu njengeSithasiselo "83"

5. UMHLAHLANDLELA, NGOKWESIGABA 10 SE-PAIA, OWASUNGULWA YIKHOMISHINI YAMALUNGELO ABANTU

5.1 Umhlahlandlela wokuthi isetshenziswa kanjani i-PAIA eshicilelwe ngabeKhomishini yamalungelo Abantu eNingizimu Afrika futhi iyatholakala kwiwebhusayithi yabo ethi:www.sahrc.org.za. Io mhlahlandlela uhlinzeka ngolwazi, kanye nezinto ezinye: inter alia

- a) Izihlinzeko nenhloso ye- PAIA;
- b) Ikheli neminingwane yokuxhumana yazo zonke Izikhulu Ezibhekele Ulwazi eRiphubhulikhi yaseNingizimu Afrika;
- b) Jzinqubo zokucela ulwazi;
- c) Usizo okungenzeka lulindeleke Esikhulwini Esibhekele Ezolwazi nakuKhomishini Yamalungelo Abantu;
- d) Izingubo zokudlulisa isikhalo;
- e) Uhlobo lwamarekhodi angacelwa; kanye
- f)
- g) Nemali emisiwe yokuk.hokhela ulwazi oluceliwe.

5.2 Imininingwane yokuxhumana yeKhomishini yamalungelo Abantu eNingizimu Afrika yile –

*The South African Human Rights Commission
PAIA Unit
Private Bag X2700
Houghton
2041
Ucingo: (011) 484 8300
Ifeksi: (011) 484 7149*

*/Hhovisi laKwaZulu Natal:
1•' Floor, 136 Victoria Embankment
Durban
Ucingo: 031 304 7323 1415
Ifeksi: 031 304 7323
Umuntu okuxhunyana naye: uMduduzi Sibisi (Mmeyili:
msibisi@sahrc.org.za)*

6. UKUFINYELELA OLWAZINILOMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU NATALI

6.1 Izihloko kanye ngzigaba :amarekhodi agcinwe nguMnyango kanye namarekhodi avele etholakala-

6.1.1 Izihloko kanye nezigaba zamarekhodi agcinwe nguMnyango wezeMpilo KwaZulu Natalizilandelana kanje-

- (a) imibiko yezezimali yoMnyango
- {b) imibiko yokucwaningwa kwamabhuku
- (c) imibiko yamasu okusebenza kanye neyonyaka
- (d) amarekhodi okuthengwa kwempahla
- (e) imithetho ekhishwayo eqondene noMnyango

- (f) izinhlelo zemihlangano kanye namamininithi emihlangano yomnyango
- (g) izishicilelo zoMnyango
- (h) izinqubomgomo zangaphakath izoMnyango
- (i) amarekhodi ezomthetho
- (j) imibiko yocwaningo lwezempilo
- (k) amarekhodi aphathelene namacala
- (l) amagazethi kaHulumeni
- (m) izinhlelo zokuqasha ngokulinganisa
- (n) Ikhovisi lokulondoloza amafayela ngokohlelo
- (o) Amarekhodi abasebenzi boMnyango

6.1.2 Lesi zigaba ezilandelayo zamarekhodi oMnyango weZempilo KwaZulu Natali zitholakala ngaphandle kokuba owacelile afake isicelo saleyo mibhalo ngokwe- PAIA-

- a) Imibiko yonyaka yoMnyango
- b) Imibiko nezitatimende zezezimali zonyaka zoMnyango
- c) Uhlelo Lokwenziwa Komsebenzi loNyaka
- d) Izinkulumbo kaNgqongqoshe Wezempilo KwaZulu-Natali
- e) Amasu okusebenza oMnyango weZempilo
- f) Umumo wezehlakalo kanye nokusabalala kwezifo nokunye okuhlobene nezempilo KwaZulu-Natali
- g) Imihlahlandlela nezinqubo zoMnyango
- h) Imibhalo yoMnyango emayelana nokukhuthazwa kwezempilo kanye nokuqwashisa
- i) Imibhalo ethunyelelwa abezindaba yoMnyango
- j) Izincwadimbiko zoMnyango

6.1.3 Eminye yemibhalo etholakalayo kungafinyeleleka kuyona mahhala kwiwebhusayithi yoMnyango weZempilo KwaZulu-Natali ethi www.kznhealth.gov.za

7. INQUBO OKUMELE ILANDELWE UMA KUFAKWA ISICELO SOKUTHOLAKALA KWEREKHODI LOMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU- NATALI

- 7.1 Uma umfakisicelo efisa ukuthola irekhodi loMnyango weZempilo KwaZulu-Natali, kumele afake isicelo esibhaliwe, sihambisana nemali ebaluliwe, eSikhulwini Esibhekele Ulwazi, imininingwane yaso etholakala engxenyeni 3 sale Mqulu.
- 7.2 Umfakisicelo otisa ukufaka isicelo kumele asebenze iFomu A, ofakwe kulo Mqulu njenge-Sithasilelo C. Leli fomu lingatholakala futhi kwiwebhusayithi yoMnyango weZempilo ethi www.kznhealth.gov.za okukanye ikhophi ingacelwa ku Mr W.S.Mkasi ku (033) 395 2782.
- 7.3 Umfakisicelo kumele ahlinzeke ngemininingwane eyanele kwiFomu A ukuze iSikhulu Esibhekele Ulwazi sikwazi ukuhlonza okulandelayo –

- a) amarekhodi aceliwe, incazelo ngerekhodi, inombolo eyinkomba (uma

ikhona) kanye neminye imininingwane eserekhodini kufanele ihlinzekwe yilowo ofake isicelo;

b) ofake isicelo kumele ahlinzeke ngayo yonke imininingwane yokuxhurnana;kanye

c) indlela yokuthola lokho akudingayo urnfakisisicelo, okungukuthi, uma:

i) irekhodi kungelibhaliwe noma eliprintiwe, noma ngabe ofake isicelo efisa ukwenza ikhophi yerekhodi noma ukuhlola irekhodi;

ii) irekhodi kungeliyizithombe ezibukwayo, okungaba yizithombe, anna-slide, ukuqoshwa kwe-video, izithombe noma imidwebo okwenziwe ngekhompyutha, noma ngabe ofake isicelo ufisa ukubuka izithombe, ukwenza amakhophi ezithombe noma ukukhishelwa kwezithombe emaphepheni;

iii) irekhodi kungeliqoshwe amazwi noma ulwazi olungenziwa lube ngumsindo olalelekayo, noma ngabe ofake isicelo ufisa ukulalela umculo noma ukuthola ikhophi ebhaliwe noma ekhishelwe ephepheni; noma

iv) irekhodi kungeligcinwe kwikhompyutha noma emshinini, noma ngabe lowo mfakisisicelo ufisa ukuthola ikhophi eprintiwe yerekhodi, ikhophi eprintiwe yolwazi olususelwe erekhodini kumbe ikhophi engendlela efundekayo kwikhompyutha.

7.4 Ofake isicelo kufanele asho ulimi afisa ukulithola ngalo irekhodi. Uma irekhodi lingatholakali ngolimi olukhethwe yilowo mfakisisicelo linganikezelwa ngolimi elitholakala ngalo irekhodi.

7.5 Ofake isicelo ongakwazi ukufunda nokubhala noma kungenjalo engakwazi ukwenza isicelo esibhaliwe sokufinyelela erekhodini nganoma yisiphi isizathu, kufanele asizwe yiSikhulu Esibhekele Ulwazi noma iSekela Lesikhulu Esibhekele Ezolwazi ukuba sihlele isicelo sibe ngesibhaliwe efomini elidingekayo bese enikeza lowo mfakisisicelo ikhophi yesicelo esibhaliwe.

7.6 Isikhulu Esibhekele Ulwazi noma iSekela laso kumele sisize umuntu odinga usizo olufanele lokwenza isicelo serekhodi. Usizo kumele luhlinzekwe mahhala.

7.7

7.8 Emveni kokufakwa kwesicelo yilowo mfakisisicelo, iSikhulu Esibhekele Ulwazi/ iSekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi kumele sicubungule isicelo zingakapheli izinsuku ezingama-30 zosuku okwamukelwe ngaso isicelo.

8. JREKHOUI ELINGATHOLAKALI

Uma irekhodi lingatholakali, iSikhulu Esibhekele Ulwazi/ iSekela Lesikhulu

Esibhekele Ulwazi kumele, ngokubhala incwadi efungelwe noma isiqinisekiso, sazise lowo mfakisisicelo ukuthi angeke kwenzeke ukuba athole imvume yokuthola irekhodini.

9. UKUDLULISELA ISICELO SOKUTHOLAKALA KWEREKHODI

9.1 Isikhulu Esibhekele Ulwazi noma Isekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi singadlulisa isicelo kumkhandlu ofanele lapho irekhodi eliceliwe;

- a) lingekho ngaphansi kolawulo loMnyango WezeMpilo Kwa-Zulu Natali;
- b) lisondelana kakhulu nemisebenzi yolunye uhloko lukahulumeni; noma
- c) linemininingwane yezohwebo olunye uhloko Jukahulumeni olunentshisekelo enkulu kulona.

9.2 Ukudluliswa kwesicelo kufanele kwenziwe yiSikhulu Esibhekele Ulwazi/ iSekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi kungakapheli izinsuku eziyi-14 samukeliwe isicelo futhi iSikhulu Esibhekele Ulwazi/ Isekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi kufanele sazise lowo mfakisisicelo ngokudluliswa kwesicelo, izizathu zokudluliswa kanye nesikhathi okuzobhekwanisa ngaso nesicelo.

10. IMALI EKHOHWAYO YOKUFINYELELA KUMAREKHODI

10.1 Imali yokuqala ekhokhwa yilowo ofake isicelo serekhodi, ngaphandle kwalowo ozicelela ngqo, ikhonjisiwe **kusiThasisele D** kulo Mqulu. Lowo ozicelela ngqo ngumuntu ofuna imininingwane emayelana naye, akufanele akhokhe imali yokuqala ekhokhwayo. Bonke abafake izicelo, ngaphandle kwalabo abangakhululwe ngokwesigaba 22(28)(a) se-PAIA, kufanele bakhokhe imali yesicelo ukuze bathole irekhodi.

10.2 Uma ofake isicelo efisa ukufaka isikhalo esiphikisa ukukhokhwa kwemali yokuqala ekhokhwayo, ofake isicelo angadlulisela isicelo sakhe enkantolo ephikisana nokukhokhwa kwemali.

11. UKUHLEHLISWA KOKUTHOLAKALA KWEREKHODI

Ukufinyelela kungahlehliswa lapho irekhodi lingakatholakali.

12. IZIKHATHI EZIBEKIWE KANYE NESAZISO ESIYA KULOWO OFAKE ISICELO

Isikhulu Esibhekele ulwazi/ iSekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi kufanele singume zingakapheli izinsuku ezingama- 30 ukuthi siyayinikeza yini imvume bese sithumela isaziso kulowo ofake isicelo. Lapho ukufinyelela kuzonikezwa, isaziso kumele sisho:

- a) ukuthi imali ekhokhwayo yokufinyelela, uma ikhona, kufanele ikhokhwe uma esenikeziwe imvume yokufinyelela;
- b) indlela ukufinyelela okuzonikezwa ngayo; kanye
- c) nokuthi lowo ofake isicelo angafaka isikhalo ngaphakathi eMnyangweni noma afake isikhalo enkantolo ephikisana nemali okufanele ikhokhwe yokufinyelela noma indlela imvume yokufinyelela ezonikezwa ngayo.

13. UKUNQATSHWA KOKUTHOLAKALA KWEREKHODI

Uma ukutholakala kwerekhodi kungazokuvunywa, isaziso esivela eSikhulwini Esibhekele Ulwazi noma iSekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi kumele:

- a) snikeze izizathu ezanele;
- b) singafaki, ezizathwini, noma yini emaqondana nokuqokethwe ngamarekhodi; futhi
- c) sisho ukuthi ofake isicelo angafaka isikhalo ngaphakathi eMnyangweni noma enkantolo aphikisane nokunqatshwa kwesiceto bese eluleka lowo mfakisicelo ngenqubo yokufaka isikhalo ngaphakathi noma ukufakwa kwesicelo.

14. UKWANDISWA KWESIKHATHI SOKUTHATHA ISINQUMO MAYELANA NESICELO

Isikhulu Esibhekele Ulwazi/ Isekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi singandisa isikhathi sezinsuku ezingama -30 esizonquma ngaso ngesiceto uma:

- a) isicelo kungesamarekhodi amamng1 futhi ukuvuma kuzophazamisana ngokungafanele nemisebenziyoMnyango weZempilo KwaZulu-Natali;
- b) isicelo sidings uphenyo noma ukulandwa kwamarekhodi ehhovisini elingekho edolobheni njengoba iSikhulu Esibhekete Ulwazi/ iSekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi singeke silindeleke ngokufanelekile ukuba siphothule isicelo zingakapheli izinsuku zokuqala ezingama- 30;
- c) ukubonisana phakathi kwezinhloko zoMnyango weZempilo KwaZulu-Natali noma nolunye uhlaka lukahulumeni kuyadingeka kumbe kuyafuneka futhi iSikhulu Esibhekele Ulwazi angeke silindeleke ngokufanelekile ukuba siqedele ukubonisana zingakapheli izinsuku zokuqala ezingama-30; noma
- d) Ofake isicelo evuma ngokubhala ukuba kwelulwa isikhathi.

15. UKUNQATSHWA OKUSEMTHETHWENI KWESICELO SOKUTHOLAKALA KWEREKHODI

Isikhulu Esibhekele Ulwazi/ Isekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi kumele senqabe ukutholakala kwerekhodini lapho isicelo sokutholwa kolwazi sizobandakanya ukudalulwa:

- a) kweminingwane eqondene nomunye umuntu othintekayo;
- b) izimfihlo eziphathele nezokuhweba kwalowo omunye umuntu othintekayo;
- c) izimfihlo eziphathele nezezimali, nentengiso, ulwazi olumayelana nezesayensi kumbe ezobungcweti, okungezona ezokuhweba, uma ukudalulwa kolwazi kungenzeka kuthikameze ngakwezentengiso noma ezezimali zomunye umuntu othintekayo;
- d) ulwazi olunguhlelo olukwikhompyutha olungolunye uhlaka lukahulumeni;
- e) ulwazi oluyimfihlo lomunye umuntu othintekayo, ukudalulwa kwalo okulindeleke ukuthi kungabeka omunye umuntu othintekayo engcupheni yezinkontileka nakwezinye izingxoxo kumbe ukubandluleka komunye umuntu othintekayo ekuncintisaneni okuthinta ezentengiso;
- f) ulwazi oluzokuba ukwephula ilungelo ngokomsebenzi lomunye umuntu othintekayo analo;
- g) ulwazi okufanele kulindeleke ukuthi lungalimaza ukuphepha kwempilo

noma komzimba womuntu;

- h) irekhodi uma ukufinyelela kwirekhodi kunqatshiwe ngokoMthetho we 1977 Wenqubo Yamacala Okwelelesa (uMthetho no. 51 we- 1977);
- i) ulwazi oluyimfihlo ukuba lukhishwe ukulandela izinqubo izisemthethweni ngaphandle uma umuntu othintekayo evuma ukudalula imfihlo, lokho okusho ukuthi umuntu othintekayo kufanele avume ngokubhala ukuba kudedelwe ulwazi; noma
- j) ulwazi olumayelana nocwaningo olwenziwayo noma okungenzeka lwenziwe ngenxa yomunye umuntu othintekayo, ukudaluleka kwalo okungenzeka kuveze isici esilahlekisayo kakhulu komunye umuntu othintekayo, umuntu owenza ucwaningo kumbe udaba okucwaningwa ngalo.

16. UKWENQABA OKUCONGOBELEZIWE KWESICELO SOKUFINYELELA EREKHODINI

16.1 Isikhulu Esibhekele Ulwazi/ iSekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi singenqaba ukuba kutholakale irekhodi lapho isicelo sokufinyelela olwazini kungenzeka sifake ukudalulwa:

- a) kolwazi olukhishiwe ngokuyimfihlo ngomunye umuntu, ukudalulwa kwalo okungalindeleka ukuba kulimaze ukukhishwa kolwazi olufanayo noma ulwazi oluvela kumthombo efanayo futhi okungukuzuzisa umphakathi ukuthi ulwazi olufanayo noma ulwazi oluvela emthonjeni ofanayo kuzoqhutshekwa ukuba lunikezwe;
- b) kolwazi, ukudalulwa kwalo okungenzeka kuphazamise:
 - i) ukuphepha kwebhilidi, kwesakhiwo noma kohlelo, olungaba uhlelo lwekhompyutha, ezokuthutha noma iyiphi enye impahla; noma
 - fi) izindlela zokwenza, izinqubo, uhlelo noma izinqubo zokuvikela umuntu ohlelwenilokuvikela, ukuphepha komphakathi noma ukuphepha kwempahla;
- c) irekhodi eliqukethe izindlela zokwenza, amasu okwenza umsebenzi noma izinkombandlela zokugwema, zokusesha, zokunciphisa noma uphenyo lokuphulwa noma ukuphulwa komthetho okungenzeka noma ukubekwa icala kosolwa ngokwenza icala;
- d) irekhodi lokubekwa icala kwalowo osolwa ngokuba necala lapho ukudalulwa kwerekhodi kungenzeka kuvimbele ukubekwa icala noma umphumela wephutha kobulungiswa;
- e) irekhodi, ukudalulwa kwalo okulindeleke ukuba:
 - i) kulimaze uphenyo lokwepulwa komthetho noma ukuphulwa komthetho okungenzeka;
 - li) kuveze noma kwenze umuntu akhombe isisusa solwazi oluyimfihlo oluhlobene nokuphoqeelwa noma ukusetshenziswa komthetho;
 - iii) umphumela wokusatshiswa noma wokufaka ingcindezi kobufakazi noma kumuntu ongabizwa njengofakazi kubulelesi noma ezinye izinqubo zokuphoqelela umthetho;
 - iv) kuphula umthetho; noma

- v) ukulimala noma kuvimbele ubuqotho becala noma ukungakhethi kwesinqumo;
- f) ulwazi, ukudalulwa kwalo okungenzeka kudale ukulimala ekuvikeleni, ukuphepha noma kubudlelwano beRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika namazwe ngamazwe;
- g) ulwazi, ukudalulwa kwalo okungenzeka kufake engozini izintshisekelo zezomnotho nezezimali zeRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika noma ukukwazi kukahulumeni ukulawula umnotho waseRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika ngempumelelo;
- h) ulwazi:
 - l) oluqukethe izimfihlo eziphatelene nezokuhweba zikahulumeni noma uhlaka lukahulumeni;
 - H) oluqukethe ulwazi oluphatelene nezezimali, ukuhweba, ezesayensi kumbe olunye oluthile kepha okungezona izimfihlo nezokuhweba, okungezona ezokuhweba, ukudalulwa kwalo ukudalulwa kwalo okungenzeka kufake engozini izintshisekelo zezomnotho nezezimali zombuso noma uhlaka lukahulumeni;
 - iii) olungabeka uhlaka lukahulumeni engcupheni ebudlelwani bezinkontileka kanye nokunye, noma kubandlulule uhlaka lukahulumeni ekuncintisaneni kwezohwebo;
 - iv) olunguhlelo olukwikhompyutha, oluchazwe kuMthetho we- 1978 Onika Ilungelo lokushicilela Nokuthengisa (uMthetho uNo. 98 we-1978), olungolwahulumeni noma uhlaka lukahulumeni;
- i) ulwazi o/umayelana nophenyo olwenziwayo noma okungenzeka lwenziwe noma ngenxa yomunye umuntu othintekayo, ukudalulwa kwawo okungenzeka kuveze obala inhlangotho kahulumeni, umuntu owenza uphenyo noma udaba oluphenywayo enkingeni enkulu; noma
- j) ulwazi olumayelana nerekhodi lohlaka lukahulumeni oluqukethe umbono, iseluleko, umbiko noma isincomo esitholakele noma esilungisiwe noma umbiko wokubonisana, ingxoxo, obekuxoxwa noma amaminithi omhlangano wokwakhiwa kwenqubomgomo noma ukuthatha isinqumo ekuphatheni noma ukwenziwa komsebenzi obekwe ngumthetho uma ukudalulwa kwawo kungenzeka kudikibalise inqubo eqondiwe noma umphumela wenqubomgomo.

16.2 Uma kuyisicelo samarekhodi okulashwa esiguli-

- (a) iSikhulu Esibhekele Ulwazi noma iSekela lesikhulu Esibhekele Ulwazi, ngokwesigaba sama- 30 singathintana nodokotela onakekela ezempilo ofanele mayelana nokunikeza imvume yokufinyelela erekhodini lapho ebona ukuthi ukunika imvume yokufinyelela erekhodini kungenzeka kudale umonakalo omkhulu empilweni yangokomzimba noma yengqondo yomuntu inhlalakahle yakhe;
- (b) uma udokotela onakekela ezempilo ebona ukuthi ukunikeza imvume yokufinyelela erekhodini kungenzeka kudale umonakalo omkhulu empilweni yangokomzimba noma yengqondo yomuntu inhlalakahle yakhe; iSikhulu Esibhekele Ulwazi noma iSekela lesikhulu Esibhekele Ulwazi s i n g a n i k e z a imvume lokufinyelela erekhodini kuphela uma lowo ofake isicelo enikeza ubufakazi bokuthi izihlinzeko ezanele sezenziwe zokwelulekwa noma ezinye izinhlelo sezenziwe ukuvimbela, ukunciphisa noma ukugwema ukumonakalo.

16.3 Isikhulu Esibhekele Ulwazi noma iSekela lesikhulu Esibhekele Ulwazi singasengaba isicelo sokuthola irekhodini uma isicelo sibonakala singenasisindo noma sicunula noma umsebenzi obandakanyekayo ekulungiseni isicelo kuzophambukisa kakhulu izinsizakusebenza zoMnyango weZempilo KwaZulu Natali.

17. UKUNQATSHWA OKUCATSHANGWAYO KWESICELO SOLWAZI

17.1. Uma iSikhulu Esibhekele Ulwazi noma iSekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi sihluleka ukukhipha isinqumo sesicelo sokufinyelela zingakapheli izinsuku ezingama- 30, kuyothathwa ngokuthi iSikhulu Esibhekelela Ulwazi sisingabile isicelo.

18. UKUFAKA ISIKHALO NGAPHAKATHI

18.1 Ofake isicelo angafaka isikhalo ngaphakathi:

a) esiphikisana-

i) nokunqatshwa kwesicelo;

ii) nesiinqumo seSikhulu Esibhekele Ulwazi noma iSekela Lesikhulu Esibhekele Ufwazi esinqabile nesicelo sokufinyelela; noma

iii) nokunqatshwa okucatshangwayo kwesicelo.

b) mayelana nemali yokufaka isicelo enqunyiwe;

c) esiphikisana nokwelulwa kwesikhathi sokubhekana nesicelo; noma

d) indlela yokufinyelela kumarekhodi.

18.2 Omunye umuntu angafaka isikhalo ngaphakathi esiphikisana nesiinqumo sokunikezwa imvume yokufinyelela komfakisicelo.

18.3 Isikhalo kufanele sifakwe **eFomini B (Isithas/selo E)** elinqunyiwe kungakapheli izinsuku ezingama- 60 kusukela osukwini iSikhulu Esibhekele Ulwazi noma iSekefa Lesikhulu Esibhekele Ulwazi sitshele ofake isicelo ngesinqumo sakhe.

18.4 Umfakisicelo okunguye ofake isikhalo ngaphakathi futhi onganelisekile ngesinqumo soMnyango angafaka isicelo sosizo olufanele enkantolo, ngokwesigaba sama- 78 se-PAIA, zingakapheli izinsuku ezingama -30 sikhishiwe isinqumo sesikhalo sangaphakathi. Ofake isicelo noma omunye umuntu othintekayo okukhuluywa ngaye angafaka isicelo sosizo olufanele enkantolo ngokwesigaba sama- 82 se- PAIA kuphela emva kokuba lowo ofake isicelo noma omunye umuntu othintekayo esephothule inqubo yangaphakathi yokuphikisana nesiinqumo seSikhulu Esibhekele Ulwazi.

MEMBER OF THE EXECUTIVE COUNCIL FOR HEALTH (MEC)

KWAZULU NATAL DEPARTMENT OF HEALTH

PURPOSE:
 TO ENSURE THE PROVISION OF HEALTH SERVICES IN THE
 KWAZULU-NATAL PROVINCE.

FUNCTIONS:

1. Ensure and account for the provision of specialised and clinical support services in the department
2. Ensure and account for delivery of integrated health services and programmes at all level of care based on the Primary Health Care Approach through the District Health System;
3. Ensure the provision of effective financial management services in the department as an Accounting Officer
4. Ensure the provision of corporate management services
5. Ensure the provision of risk management services in the Department
6. Ensure the provision of infrastructure development, maintenance & technical support services
7. Ensure the provision of technical executive support services

1x Superintendent General (Head of Dept.) (16)

Executive Support
 Services

Branch
Specialised Services and Clinical Support

1x Deputy Director General:
 Specialised Services and Clinical Support (15)

Branch
District Health Services

1x Deputy Director General:
 District Health Services (15)

Branch
Financial Management Services

1x Deputy Director General:
 Financial Management Services(15)

Branch
Corporate Management Services

1x Deputy Director General:
 Corporate Man. Services(15)

Chief Directorate
Risk Assurance Management

1x Chief Director: Risk Assurance Management (14)

Chief Directorate
Infrastructure Development Maintenance and Technical Services

1x Chief Director: Infrastructure Dev. Maintenance & Technical Services

IMiningwane Yokuxhumana Yezibhedlela Zesifundazwe

Isibhedlela	Uhlobo	Isibalo semibhede	UMphathi Wesibhedlela	Ikheli Lokuposa	IKheli Lendawo	Kufikwa kanjani kuso	iNombolo yoCingo/yeSelula/yeFeksi	I-imeyili
A								
<u>Addington Hospital</u>	Esesifunda Esikhulu	571	uDkt M Ndlangisa	P. O. Box 977 Durban 4000	16 Erskine Terrace South Beach, Durban	Qhubeka ngo-Victoria Embankment uze uyongena ngo-Winder Street bese ungena ngo-Rochester Street. Jikela kwesokudla ungene ngo-Gillespe bese ujikela kwesokunxele ungene ku-Rutherford Street. Jikela kwesokudla ungene ku-Erskine Terrace. Isibhedlela singakwesokudla.	Ucingo: (031) 327 2000 IFeksi:(031) 327 2387	Mthetheleli.Ndlangisa@kznhealth.gov.za
<u>Appelsbosch hospital</u>	Esesifunda	159	uDkt. J. Ambayi : (Osabambile)	P/ Bag X215 Ozwathini 3242	Appelsbosch village	Uma usuka eMgungundlovu uhamba ngo-R614 ulibangise e-Wartburg. Ukusuka e-Wartburg uhamba ibanga elingaba ± 14km (P63). Qhubeka ngakwesokudla uhambe ibanga elingaba ± 23km ngo- R614. Jikela kwesokunxele ngo- D1621 bese uqhubeka ibanga elingaba ± 800m. Isibhedlela singakwesokunxele.	Ucingo: (032) 294 8000 IFeksi: (032) 294 0126	Julie.Ambayi@kznhealth.gov.za
B								
<u>Benedictine Hospital</u>	Esesifunda	430	uMnu KZ Dlamini (Osabambile)	P/Bag X5007 Nongoma 3950	Main Road, Nongoma	Ngenga KwaNongoma ngo-P52 uqhamuka ngasoLundi. Dlula edolobheni KwaNongoma uncike ngakwesokudla lapho umgwaqo ungathi uyehlukana	Ucingo: (035) 831 7000 IFeksi:(035) 831 0740	khulekani.dlamini@kznhealth.gov.za

						khona. Isibhedlela singakwesokunxele ebangeni elingaba ± 1km ukusuka lapho		
<u>Bethesda hospital</u>	Esesifunda	230	uNkk CM Mkhwanazi (Osabambile)	P/Bag X602 Umbombo 3970	Main Rd, Ubombo Town	Uma uhamba ngo-N2 ubheke ngasenyakatho, jikela kwesokudla ungene eDolobheni eMkhuze. Jiekla kwesokunxele ku-T junction ungene ngo-P2 qhubeka ibanga elingaba ± 4km. Jikela kwesokudla ungene ngo-P236 hamba ibanga elingaba ± 12.5km. isibhedlela singakwesokudla.	Ucingo: (035) 595 3100 IFeksi: (035) 595 1973	
C								
<u>Catherine Booth hospital</u>	Esesifunda	170	uNkk TR Zulu	P/ Bag X105 Amathikulu 3801	Amathikulu area	Uma usuka eGingindlovu ubheka ngasentshonalanga ibanga elingaba ±1.7km. jikela kwesokudla ungene ngo- P266 uhambe ibanga elingaba ±5km uya eMatikulu. Jikela ngakwesokudla ungene ngo-D135 bese uqhubeka ibanga elingaba ±10km ufike esibhedlela	Ucingo: 035 474 8407 IFeksi: (035) 474 7694	Tholakele.Zulu@kznhealth.gov.za
<u>Ceza Hospital</u>	Esesifunda	160	uMnu SP Zulu	P/Bag X200 Ceza 3866	Ceza area	Hamba ubheke ngasenyakatho usuka oLundi ibanga elingaba ±17km bese ujikela kwesokunxele ungene ngo-P487. Qhubeka ibanga ± 28km ubheke eNdaweni saKwaCeza. Isibhedlela singajwesokunxele.	Ucingo: (035) 832 5000 IFeksi: (035) 832 0027	zodwa.mncwango@kznhealth.gov.za

<u>Charles James hospital</u>	Sigxile kakhulu ekwelaphe ni i-TB		uDkt S Ntshanga (Osabambile)	Private Bag X20050 Amanzimtoti 4125	Sompukane Rd, Off Old South Coast Main Rd	Uma uhamba ngo-N2 ubheke ngaseningizimu. Ngena ngomgwaqo ojikela e-Kingsway. Jikela kwesokudla. Qhubeka ngomgwaqo obheke Kwamakhutha ngasentshonalanga. Jikela kwesokudla ungene ku-Old Main Road. Jikela kwesokunxele ungene ngo-Rd 51033, jikela kwesokudla ungene ngoSoupukane Rd. Landela izimpawu	Ucingo: (031) 905 4222/3	sbongile.ntshanga@kznhealth.gov.za
<u>Charles Johnson Memorial hospital</u>	Esesifunda	349	uNk MZ Khanyile	P/Bag X5503 Nquthu 3135	Lot 92, Hlubi Street, Nquthu	Uma usuka eMelmoth hamba udlule eBabanango ubheke eNqutu ngo- R68 (P291). Uma ungena eDolobheni eNqutu hamba uze ufike empambanangwaqo (4 way stop). Qhubeka uqonde isibhedlela sikhona lapho ngakwesokunxele	Ucingo: (034) 271 6400 IFeksi: (034) 271 0234	zodwa.khanyile@kznhealth.gov.za
<u>Christ the King hospital</u>	Esesifunda	238	uNk L Mthembu (Osabambile)	P/Bag X542 Ixopo 3276	Peter Hauff Drive, Ixopo	Ngena eXobho uqhamuka ngaseningizimu ngo-R612 (P22). Jikela kwesokunxele ungene ngo-Petr Hauff Dr (D25) ngaphambi kokuba ufike edolobheni, qhubeka isibhedlela siyibanga elingaba ± 700m	Ucingo: (039) 834 7500 IFeksi 086 539 2800	lindiwe.mthembu@kznhealth.gov.za
<u>Church of Scotland hospital</u>	Esesifunda	347	uNkk B Dlomo	P/Bag X502 Tugela Ferry 3010	Main Road, Nqutu	Uma usuka e-Melmoth hamba udlule eBabanango ulibangise eNqutu ngo- R68 (P291). Uma ungena nje eDolobheni laseNqutu hamba uze ufike empambanangwaqo (4 way stop). Qhubeka uqonde	Ucingo: (033) 493 1000 IFeksi: (033) 493 1124	bukeliwe.dlomo@kznhealth.gov.za

						isibhedlela sikhona lapho ngakwesokunxele		
<u>Clairwood hospital</u>	Sigxile kakhulu ekwelaphe ni izifo eziyimbelesela(chronic)	454	uDkt NBL Gwala	P/Bag X04 Mobeni 4060	1 Higginson Highway, Mobeni	Uma uhamba ngo-N2 ubheke eNingizimu ngena ngomgwaqo jikela ku- Higginson Highway. Jikela ngasempumalanga ku-Higginson Highway. Isibhedlela singakwesokudla.	Ucingo: (031) 451 5000 IFeksi: (031) 462 1993	njabulo.gwala@kznhealth.gov.za
D								
<u>Don McKenzie hospital</u>	Esesifunda	220	uNkk T Khanyile	PO Box 27 Botha's hill 3660	10 Zulu Reserve road, Botha's hill	Uma usuka e-Hillcrest hamba ngo-R103. Jikela kwesokudla ungene ngo-P528 (Zulu Reserve Rd). Isibhedlela singakwesokudla uma udlula u-D826 ungena emgwaqeni ongenagama.	Ucingo: (031) 777 1155 IFeksi: (031) 777 1717	tiny.khanyile@kznhealth.gov.za
<u>Doris Goodwin hospital</u>	Sigxile kakhulu ekwelaphe ni i-TB/MDR TB	46	uMnu A Ndlovu	PO Box 32 Plessislaer 3216	Off Edendale Rd, Edendale	Hamba ngo-Edendale Rd uye ngasentshonalanga. Ukusuka ku-Newport Dr, hamba ibanga elingaba ±2.5km. Isango elingena esibhedlela lingakwesokunxele ngaphambi kokuba ufike ku-Hospital Rd. Jikela kwesokunxele uqhubeke ngakwesokudla uye esangweni lokungena .	Ucingo: (033) 327 3500 IFeksi: (033) 398 1050	andrew.ndlovu@kznhealth.gov.za
<u>Dundee hospital</u>	Esesifunda	224	uNkk. H.S.L Khanyi	P/Bag X2011 Dundee 3000	121 Mckenzie Street, Dundee 3000	Uma uhamba ngo-N11 ungena ngo- R68 ubheke e-Dundee. Landela izimpawu ezikhomba isibhedlela uze ufike ku-McKenzie Str. Isibhedlela	Ucingo: (034) 212 1111 IFeksi: (034) 212 3245	suban.khan@kznhealth.gov.za

						singakwesokunxele.		
<u>Dunstan Farrell hospital</u>	Sigxile kakhulu ekwelaphe ni i-TB	180	uDkt L Chiposi (Osabambile)	P/Bag X2 Hibberdene 4240	Portion of the farm Mayo, Hibberdene	Uma uhamba ngo-N2 ungena ngomgwaqo ojikela e-Hibberdene. Ngena kwesokunxele ku- P3 uqonde e-Hibberdene ibanga elingaba ±1.8km. jikela kwesokudla ungene ngo-Brand Rd. Jikela kwesokudla ku-P286. Hamba ibanga elingaba ± 9.5km. jikela kwesokudla ulandele umgwaqo oya esibhedlela	Ucingo: (039) 699 1465 IFeksi: (039) 699 1477	linda.chiposi@kznhealth.gov.za
E								
<u>Edendale hospital</u>	Esesifunda Esikhulu	874	uNkk ZSI Ndwandwe	P/Bag X509 Plessislaer 3216	Main Road, Edendale.	Hamba ubheke ngasentshonalanga ngo-Edendale Rd. Ukusuka ku-Newport Dr, hamba ibanga elingaba ± 2.5km. isango lokungena lingakwesokunxele ngaphambi kokuba ufike ku-Hospital Rd.	Ucingo: (033) 395 4911 IFeksi:(033) 395 4060	zanele.ndwandwe@kznhealth.gov.za
<u>E.G & Usher Memorial hospital</u>	Esesifunda	205	uNk Ms N Binase	P/Bag X506 Kokstad 4700	Corner of The Avenue & Elliot Streets, Kokstad	Ngena e- Kokstad uqhamuka ngasempumalanga. Qhubeka ngo- R617 bese ujikela kwesokunxele ubheke eMatatiele ngo-R56. Ebangeni ± 500m jikela kwesokunxele, isibhedlela singakwesokudla.	Ucingo: (039) 797 8100 IFeksi: (039) 727 2564	nomawethu.binase@kznhealth.gov.za
<u>Ekombe Hospital</u>	Esesifunda	210	uNk PL Ntuli (Osabambile)	P/Bag X203 Kranskop 3268	Ekombe area	Uma usuka e-Kranskop hamba ngo- P16 uye eQhudeni. Hamba ibanga elingaba ± 26km bese uwela uMfula uThukela e- Jameson's Drift. Hamba ibanga elingaba ±	Ucingo: (035) 834 8000 IFeksi: (035) 834 8012	lindiwe.ntuli@kznhealth.gov.za

						26km. Isibhedlela singakwesokudla.		
<u>Ekuhlengi Psychiatric hospital</u>	Sigxile kakhulu ekwelaphe ni abagula ngengqondo	1100	uNkk A Chinniah (Osabambile)	PO Box 3 Umbogintwini 4120	Old South coast road, Umbogintwini	Uma usuka eSiphingo uhamba ngo-Old Main Rd ubheke ngaseningizimu. Uma usuwela umfula, kunomgwaqo ongenagama ngakwesokudla (ngaphambi kokuba ufike ku-D1111) uzohamba ngalowo mgwaqo uze ufike esibhedlela. Landela izimpawu	Ucingo: (031) 905 4775/6/7/8/9 IFeksi: (031) 905 3415	asotha.chinniah@kznhealth.gov.za
<u>Emmaus hospital</u>	Esesifunda	156	uNkk Y Nunes	P/Bag X16 Winterton 3340	Cathedral Peak Road, Winterton.	Uma uhamba ngo-N3 uhamba ngo-R74 oya e-Bergville ibanga elingaba ± 21km. Jikela kwesokunxele ungene ngo- P212 bese ujikela kwesokudla ngo- P180. Jikela kwesokudla ngo-P10 uphinde ujikele kwesokunxele ngi-P394. Hamba ibanga elingaba ± 6km. Isibhedlela singakwesokudla	Ucingo: (036) 488 1570 IFeksi: (036) 488 1330/ 488 1156	yvette.nunes@kznhealth.gov.za
<u>Eshowe Hospital</u>	Esesifunda	460	uMnu. PN Sangweni	P/Bag 504 Eshowe 3815	Kangela Str, Eshowe	Ngena eShowe emarobhothini abhekene neGaraji lakwa-Total. Jikela kwesokunxele ungene ngo-Kangela Str (P50) bese uhamba ibanga elingaba ±1.4km. Isibhedlela singakwesokunxele.	Ucingo: (035) 473 4500 IFeksi: (035) 474 4914	Nhlanhla.Sangweni@kznhealth.gov.za
<u>Estcourt Hospital</u>	Esesifunda	311	uNkk ED Moeketsi	P/Bag X7058 Estcourt 3310	Old Main Road, Estcourt.	Uma uhamba ngo-N3 ubheke enyakatho ungena ngomgwaqo ojikela e-Estcourt	Ucingo: (036) 342 7000 IFeksi:(036) 342 7116	dimakatso.moeketsi@kznhealth.gov.za

						bese ungena ngesokudla uqonde e-Estcourt. Uma ungena nje e-Estcourt isibhedlela singakwesokunxele nangakwesokudla komgwaqo		
F								
<u>Fort Napier hospital</u>	Sigxile kakhulu ekwelaphe ni abagula ngengqondo	370	uNkk NT Nxaba	P O Box 370 Pietermaritzburg 3200	1 Devonshire Road, Napierville PMB	Ngena eDolobheni laseMgungundlovu uqhamuka ngaseningizimu uhamba ngo-Commerecial Rd. Jikela kwesokunxele ngo-Loop Str. Ngena kwesokudla ngo-Pine Str uqhubeka uze uyongena ku-Edendale Rd. Jikela kwesokudla ebhulohweni ungene ngo-Devonshire Rd bese uqhubeka uze ufike esibhedlela.	Ucingo: (033) 260 4300 IFeksi:(033) 345 5730	nelisile.nxaba@kznhealth.gov.za
G								
<u>G.J. Crookes hospital</u>	Esesifunda	288	uNkk. S.P.Nyawo	P/Bag X5501 Scottsburgh 4180	1 Hospital Road, Scottsburgh	Uma uhamba ngo-N2 ubheke ngaseningizimu ungena ngomgwaqo ojikela e-Scottsburgh. Jikela kwesokunxele uphinde ujikele kwesokudla ungene ngo-P3 (R102). Hamba ibanga elingaba ± 1.5km bese ujikela kwesokunxele kuthi ebangeni elingaba ± 200m ngena ngesokudla uphinde ujikele kwesokudla bese ulandela umgwaqo uzokufikisa esibhedlela.	Ucingo: (039) 978 7000 IFeksi:(039) 978 1295	sibongileprimrose.nyawo@kznhealth.gov.za
